

# PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



## Ukukhethwa kwama-cultivar aphuma phambili umsebenzi onzima

**N**JALO NGESIZINI UMLIMI KUFANELE ATHATHE ISINQUME SOKUTHI YIMAPHI AMA-CULTIVAR OKUFANELE ATSHALWE NGESIZINI ELANDE-LAYO. I-CULTIVAR EKHETHIWE NEHLELWE NGOKUYIKHO INGABA NOMKHULU UMTHELELA EKUNCIPHISENI UBUNGOZI FUTHI IBE YINGXENYE EBALU-LEKILE EKHLELENI KOMKHIQIZI UMKHIQIZO.

Abalimi bokusahlamvu kufanele bathathe izinqumo ezinzima njalo ezizoba nomthelela ngekusasa labo. Esinye salezi zinqumo ezinzima ukukhethwa kwephakheji yembewu ye-hybrids ezotshalwa.



**U-Pietman Botha, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-pietmanbotha@gmail.com**

Ama-cultivars ahlukana ngohlobo olulodwa noma eziningi. I-cultivar ngayinye inoguquko oluthile namandla esivuno abandakanya ukuzinza namandla omvuzo. Ukuguquguquka kwama-cultivar kunikeza ezinye izindlela, ezingasetshenziswa ngempumelelo.



## IZWI LIKA... Derek Mathews

**U**-2020 KUBE UNYAKA OBUCAYI KAKHULU NGEZINDLELA ZONKE FUTHI SIYAJABULA UKUWUBONA UPHELA. AKUFANELE NAKANCANE UKUBA SIEDELE IZIKHATHI EZIBUCAYI ZISICINDEZELE PHANSI KODWA OKUNGENANI KUFANELE SITHOLE IZIFUNDO KUZO SIPHINDE SAKHE IKUSASA ELINGCONO NGENGXA YAZO.

Kwa-Grain SA nathi sibe nesikhathi esinzima ngonyaka odlule, kodwa ukuzinikela kwethu ukusiza abalimi akuzange kuguquke. Into engashintsha ngezikhathi zonke yindlela esibasiza ngayo abalimi. Sincike oxhasweni lwentuthuko nasezidingweni zabaxhasi kanye nasebukhoneni bezimali okuyinto eguquka njalo. Into engaguquki, ukuzinikela ngokungaphezi kwe-Grain SA ukunikeza abalimi bethu abasafufusa usizo oluyikhwalthi. Ngeke sinikeze iseluleko noma siqhubekele phambili nephrojekthi ngenxa yokuthi izimali zikhona kodwa mhlambe isikhathi sesihambile – futhi ukulima isilimo emva kwesikhathi kuzokusho ukungaphumeleli kwesivuno. Njengomlimi ngikuqondisisa kahle kamlhlophe ukuthi kubaluleke kangakanani ukufaka isilimo enhlabathini kodwa ukwahluleka njalo ngenxa yokushiya yisikhathi akusisizi ukuba sikhule, futhi kudala umkhuba omubi. Kubalulekile kithi njengabalimi ukuba siphumelele ukuze iNingizimu Afrika izoba nokudla okwanele.

Kwa-Grains SA sisakuthola kunzima ukuthola uxhaso lwemali kuhulumeni kusenesikhathi ukuze sitshale. Angazi ukuthi kudalwa yini ukuthi kube lukhuni satshe kubo ukuqondisisa ukuthi yini edingekayo ukuze kutshalwe ngempumelelo. Mhlampe seyisikhathi sokuthi thina njengabalimi siqale ukudimanda ukuba izikhulu zikahulumeni zizilalele izicelo zethu.

INhlangano ye-Grain SA ihlelelwe iviki lokuqala likaMashi futhi kulapho ke izwi lakho lifanele ukuba lizwakale khona, ngakho ke cabanga ngokuthi ubani ongathanda ukuba ayokumela. Enhlanganweni futhi yisikhathi nendawo lapho ungabeka khona izidingo zakho nemibono ku-ajenda ye-Grain SA ngonyaka ozayo. Yisikhathi sakho sokukhuluma. Amanxusa eNhlangano yizikhulu eziphezulu kakhulu enhlanganweni. Isigungu sithatha izinkombandlela zazo namakomiti kufanele baphe ndule njalo eNhlanganweni futhi baqhube umsebenzi wenhlangano. Ngakho lesi yisikhathi sakho, sisebenzise ngendlela efanele. ■

## Ukukhethwa kwama-cultivar...

Lokhu okulandelayo kungumhlahlandlela obalulekile ekuhlelweni kwama-cultivar okufanele kucatshangwe:

- Ungalokothi utshintshe i-cultivar ethembekile nge-cultivar entsha noma engaziwa ngesizini eyodwa. Ubungozi bukhulu kakhulu.
- Ukuguquguquka kwe-cultivar kuhlukanisa umthelela wobungozi. Sebenzisa uchungechunge lwama-cultivar, okwehlukana ngobude bbesizini yokulima nezinye izimpawu. Ngesomiso esimaphakathi nehlobo ubude besikhathi sokuqhakaza kwezimbali kungasiza ngokuthuthelwa kwesikhuphashe phecelezi *pollination*.
- Ama-cultivars kufanele aguqukele emandleni athile esivuno kodwa kufanele ukwazi ukusebenzisa izimo zokunamandla engeziwe futhi aphinde adilive isivuno esamukelekile ngamandla ancishisiwe esivuno. Ama-cultivar anokuguquguquka okubanzi kungabamba elikhulu iqhaza ngaphansi kwalezi zimo.
- Ngenxa yokungena kwama-cultivar amasha emakethe, sekufanele kubuyekwe njalo ngonyaka ukukhethwa kwama-cultivar.
- Khumbula ukuthi amandla enhlabathi kanye namandla omlimi okuphatha kuhlezi kuneqhaza elikhulu njalo ekuhlelweni kwama-cultivar.

### UKUHLELWA KWAMA-CULTIVAR

Kunezibonakalo ezibalwa ezibalulekile okufanele uzicabange uma ukhetha ama-cultivar ehamba phambili okubandakanya ukwenza kwesivuno kanye nokubiyelwa kobungozi. Kupheleliswa ukuziphatha kwe-hybrid agronomical kanye nezimpawu zokubekezela. Yingakho kubalulekile ukuhambela izinsuku zabalimi phecelezi i-cultivar farmer's days ukuba bahambe bayobona futhi bahlaziye ama-cultivar ahlukile. Zonke izinkampani isibonelo i-Pannar, inayo i-farmer's day yonyaka yabalimi inawo onke ama-cultivar andlalwe obala.

Kubalulekile ukuhlola ama-cultivar ahlukeno ngokwendlela ethile isibonelo:

- Ukwenza kwesivuno
- Ukusimama kwesivuno
- Amandla omvuzo
- Ubude besizini yokulima
- Ukumila namandla ekhono
- Isifo, ukubekezela nezinzambuzane nokulawulwa kokhula
- Izinkampani

I-ARC-Grain Crops Institute (ARC-GCI) ngokubambisana nebhizinisi lezolimo nemboni yembewu bezama ukugculisa izidingo zabakhiqizi nokuhlola ama-cultivar ahlukeno. Umsebenzi kamkhiqizi ukuqala ngokuhlola ama-cultivar amasha noma ama-cultivar angaziwa ngobuningi. I-ARC-GCI ishicilele idatha yokuhlola i-cultivar njalo ngonyaka. Le mininingwane iyatholakala futhi ku-Grain SA website, [www.grainsa.co.za](http://www.grainsa.co.za).

Usizo olubalulekile ekuhlelweni kwe-cultivar ubungako besivuno esingaba khona, esitholakala eminingwaneni etholakala kugrafu ehlehlayo phecelezi *regression graph ye-cultivar*. Ubungako besivuno esingaba khona kusho ukuthi i-value yesivuno esethenjwe se-cultivar ethile enamandla athile yisivuno esiminimamu, esingatholakala kumasizini ayisishiyagalolunye kwayishumi. Esibalweni se-value yesivuno esingalindeleka (isivuno) isivuno esivamile, isivuno esiyi-avareji nokusimama kuyabalwa nakho.

Kumathebuthe esivuno esingatholakala e-ARC-GCI le mininingwane elandelayo yethuliwe: Okokuqala, i-yield probability values emazingeni ahlukeno amandla esivuno abonisiwe.

Okwesibili, i-avareji yesivuno se-cultivar yesethi yamatrayeli ase-tshenzisiwe ethuliwe. Emva kwalokho i-cultivar yesivuno esivamile ichazwa ngomugqa owumginqiliza phecelezi *slope* ohlehlayo. Uma

umginqiliza umkhulu kuna - 1.0, lokho kukhombisa amandla amakhulu e-cultivar. Okuncane kuna- 1.0 i-cultivar enamandla aphansi, kanti i-value eseduze noma elingana no-1.0 yinkomba yoguquko olubanzi lwe-cultivar.

Okokugcina, isivuno esizinile sinenkomba ka- $D^2$ -values. Njengoba i- $D^2$ -values ephikelele kuziro, i-cultivar ingalindeleka ukuba izinze kakhulu futhi iqageleke ngokwemigomo yesivuno esizuziwe, kanye ne- $D^2$ -values enjalo, ubuningi besivuno buzohlukana phakathi kwamasizini.

Inqubo okufanele ilandelwe ngezincomo zokukhandwa kwe-cultivar kafushane njengalokhu okulandelayo:

- Nquma ukuthi iyiphi i-cultivar enesivuno esinamandla okufanele ikhethwe. Lokhu kufanele kwenziwa umkhqizi. Izibonakalo ezifana namandla enhlabathi yesizini enemvula kufanele kubandakanywe.
- Isinyathelo esilandelayo ukuba ubheke ithebula i-yield probability amandla esivuno esingatholakala.
- Khetha kulawo ma-cultivar anamandla esivuno esikhulu phecelezi yield probability value. Ama-cultivar anama-values aphezulu kufanele anikeze eyodwa ithuba lokuzinza, isivuno esiyimpumelelo. Le nqubo efanayo ingalandelwa ngamandla esivuno ezinhlangothini zombili ze-sivuno esinamandla ukuze kutholakale ezinye izincomo ezethenjwayo.

### UKWENZA AMAGRUPHU AMA-CULTIVAR

Amagruphu ama-cultivar kufanele enziwe ngokuguquka kwezifunda zokukhiqiza nangokwezindlela ezinhle. Kubalulekile ukuqoka i-cultivar efanele isimo seklayimethi yesifunda sakho. Bheka iyunithi yokushisa phecelezi heat unit, imvula kanye nokukhiqiza isivuno i-yield probability value okubaliwe.

Khetha i-cultivar engakwazi ukumelana nezifo nezinzambuzane esifundeni sakho. Ukuwenzi umqondo ukutshala i-cultivar futhi ukwen-

za isibonelo i-grey leaf spot ibhubhise zonke izilimo ngenxa yokuthi i-cultivar ayikwazi ukumelana ne-grey leaf spot.

Indlela esetshenziswayo ekulimeni nayo iyawakhiphela ngaphandle amanye ama-cultivar. Isibonelo uma ufuna ukuhlenganisa i-roundup herbicide qinisekisa ukuthi i-cultivar etshaliwe iyakwazi ukumelana ne-Roundup.

Ngesikhathi sokuvuna kufanele ummbila wome masinyane. Uma kuthathe isikhathi eside ukuba ummbila wome, lokho kusho ukuthi uzolinda isikhathi eside ngaphambi kokuba uvune futhi kuzokuthatha isikhathi eside ukuba uqede ukuvuna. Okunye futhi kufanele ubheke izinga-kuma le-cultivar. Ubungcono balesi sibonakalo, kunciphisa ukulahlakelwa ngesikhathi sokuvuna.

Ubude besizini yokulima nabo bungumkhakha obaluleke kakhulu. Isithwathwa sizodalwa ukulahleka okukhulu kwesivuno. Qinisekisa ukuthi ubude besikhathi sokulima i-cultivar kuzosifanela isikhathi sakho sokutshala ngokunjalo nosuku lokuqala lokulindela isithwathwa.

Ukukhethwa kwe-cultivar umsebenzi onzima. Ungesabi ukucela usizo. Xhumana nomdayisi wembewu wendawo ohlala kuyo futhi uzokusiza ekukhetheni i-cultivar oyidingayo ukuze utshale. Uphinde uxoxisane nabo ngendlela enhle yokuphatha ongayisebenzisa yama-cultivar ahlukeni. Amanye ama-cultivar kunzima ukuba amile kodwa ngendlela enhle isivuno siba ngcono kune-avareji.

Inzuzo yinto ebaluleke kakhulu ehloswe umlimi. Qhathanisa amasistimu ahlukeni okutshala kanye nokukhethwa kwembewu ukuze ukhulise kakhulu inzuzo. Emva kokuba sekushiwo ungakhohlwa ukuthi, ukugcina isikhathi nakho kuzoba nelikhulu iqhaza empumelelweni yakho. Gcina isikhathi futhi utshale ngesikhathi esililindelekile sokutshala.

Ngenxa yokuncipha kwesitoko kubalulekile ukuba ukhethe imbewu futhi uyi-ode masinyane. Inkampani yembewu izokugcinela imbewu ozoyitshala. ■



# KUBALULEKILE UKUGCINA AMAHORA ASETSHENZIWE NGOKUQONDE NGQO

**A**BANINGI BENGACABANGA NGOKUGCINA I-LOG YAMAHORA ASETSHENZIWE NJENGENTO ENGEZE YAZIBEKA NGOBA LOKHO KUCHAZA UKUTHI UKUGCINWA KWAMAREKHODI ASETSHENZIWE K UWUKUCHITHA ISIKHATHI. KODWA LEYO NDLELA KUFANELE ISINGATHWE, NJENGOBA INEMIHLOMULO EMININGI KUBAQASHI FUTHI IFANELE UKUBA YINGXENYE YOMGUDU WABALIMI EPHROFESHINALI.

Okokuqala, kufanele uqondise ukuthi ngokusemthethweni umqashi kudingeka arekhode onke amahora asetshenzwa abasebenzi bakhe, ngisho noma ngabe unomsebenzi oyedwa vo, noma ngezinye izikhathi unomsebenzi oyedwa noma abababili abayitoho.

I-*Basic Conditions of Employment Act (BCEA)* ilayezela ukuthi abaqashi kufanele barekhode amahora asetshenzwe abasebenzi babo bonke kurejista yokubhalisa abakhona emsebenzini, kwesinye isikhathi kubizwa nge *timesheet* noma *i-time logbook*. Lokhu kusebenza kubaqashi abasebenza umsebenzi wokulima nabasebenzi abenza umsebenzi wasezindlini epulazini.

Isisekelo somthetho sifuna ukuthi amahora asetshenziwe kudingeka arekhodwe zonke izinsuku futhi wonke umsebenzi kudingeka aqinisekise isivumelwano sakhe ngesiginesha. Irejista yabasebenzile na ingagcinwa manywali noma ibe sekhompyutheni noma kusetshe-nziswe uhlelo lokukloga noma kufakwe ekhompyutheni noma kuphogramu ye-*software* ethile. Irejista yabangenile emsebenzini phecelezi *i-attendance register book* ungayifuna esitolo esidayisa izincwadi phecelezi *i-stationery shop*.

Isizathu esibalulekile sokuba ne-*attendance register* ukuqinisekisa ukuthi umsebenzi akasebenzi amahora angaphezulu kwalawo anqunywe umthetho wezabasebenzi. Inqubomgomo yamahora okusebenza nayo ihlose ukuphromotha impilo nokuphepha kwabasebenzi ngokuthi bathole isikhathi esanele sokuphuma.

Impikiswano mayelana nokungakhokhelani kahle amaholo kulula ukuba kudale ingxabano. Khumbula, abasebenzi abangagculisekile bangaze bakumangalele kwa-CCMA ngokusebenza ngokwenzelela. Uma kwenzeka uvakashelwa umhloli womNyano wezabaSebenzi nabaSebenzi, *i-attendance register i-(time sheet)* iyoba ngamanye amadokhumenti ahlolwayo. Ukwehluleka ukuveza leyo rejista lokho kungadala ukuba uthathelwe izinyathelo.

Kufanele ukwazi ukuthi lokhu kungaba yinto embi ekugcinweni kwe-*attendance register*, lokhu asikuthathe njengombono omuhle – ofuna ukuba ngumlimi ophrofeshinali.

## UBUHLE BE-ATTENDANCE REGISTER

Okuhle kakhulu ngokugcina *i-attendance register* ukuthi kuphromotha ubudlelwano obuhle bokusebenza futhi kugweme nengxabano engadingekile. Sekubikwe kakhulu ukuthi umqondo wabasebenzi uba nomthelela omkhulu ekukhiqizeni.

I-*psychologist* yase-US u-Frederick Herzberg wahlukanisa amafektha okukhuthaza abasebenza abangamaqoqwana amabili – izikhuthazi zeqiniso namafektha ezenhlazeko. Isibonelo samafektha enhlanze-ko yiholo, izimo zokusebenza, ukusuphavayiza kanye nokuvikeleka komsebenzi. Ukubheka la mafektha emsebenzini kubaluleke kakhulu ngoba uma abasebenzi bengagculisekile ngeyodwa noma ngamafektha angaphezulu, aba nomqondo omubi. Izinkinga zamaholo zibaluleke



**U-Marius Greyling, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-mariusg@mcgacc.co.za**

kakhulu futhi kufanele akhokhwe ngokufanelekile. Ukugcina irejista yokusebenza uyaqinisekisa ukuthi abasebenzi bathola lokho okubafanele futhi kuyasiza ekuphromotheni ubudlelwano obuhle. Umqondo omuhle wenza abasebenzi bazinikele basebenze ngokuzibophezela nangokwethembeka. Umphumela – kuba ukukhiqiza okungcono.

## Eminye imihlomulo ibandakanya:

- Umqashi angayonga imali futhi enze ngcono inzuzo, njengoba amahora asetshenziwe abalwa ngokuyikho. Lokhu kungakuvikela ekutheni ukhokhe ngokweqile ngenxa yokungarekhodi amahora okusebenza ngokuqondile. Uze wazi ukuthi lokhu kubandakanya imali eningi. Ngokujwayelekile amaholo angezinye zezindleko ezinkulu zebhizinisi.
- Njalo uma kuvumbuka imibuzo mayelana namahora asetshenziwe, umqashi engayobheka *i-attendance register* ukuze aqinisekise ngamahora aqondile asetshenziwe abaliwe futhi likhokhwe ngokuqondile. Khumbula umsebenzi kufanele awaqinisekise la marekhodi zonke izinsuku ngesiginesha. Abaqashi bayelulekwa ukuba amarekhodi bawagcine okungenani isikhathi esiyiminyaka emithathu, njengoba umsebenzi engakwazi ukurefera noma yisiphi isikhalo esimayelana nehlo kubaxazululi kwa-CCMA esikhathini esiyiminyaka emithathu ngemva kokukuqaphela lokho.
- Umqashi engasebenzisa imininingwane eku-*attendance register* ngokudraftha ama-*pay slip*, ukuklama ama-*shift rosta*, ukunquma ngokukhiqiza, nokuthola umqondo ojulile ngomthelela wamahora okusebenza ngempilo yomsebenzi nokuphepha.
- Kungenzeka futhi ukuthi usubonile ukuthi *i-attendance register* iyidokhumenti elibaluleke kakhulu lokuba kuxazululwe izinkinga kanye nezinye izingxabano ngendlela enhle.
- Ukugcinwa kahle kwe-*attendance register* nakho kuzothuthukisa ukuxhumana okuhle phakathi komqashi nomsebenzi. Imininingwane eqondile ikhona futhi nemininingwane eqondile njalo kuyisisekelo sezindlela ezilungile zokuxhumana.
- Sekukonke, ukurekhoda okuyikho kwamahora okusebenza ku-*attendance register* kuzosiza ekwenzeni ngcono konke ukuphathwa kwabasebenzi bakho. Uhlale ilandela imithetho yezabasebenzi.
- Asikho isidingo sokuba ukhathazeke ngokuhlolwa umNyango wezabaSebenzi.

## ISIPHETHO

Ukugcinwa kwamarekhodi ngokuyikho kanye nokuphatha kungaba nomthelela omuhle enzuzweni yakho ngokonga imali yakho ngqo na/ noma ngokungaqondile ngqo ukukhiqiza kangcono ngenxa yobungcono bobudlelwano bezabasebenzi. Khumbula isisekelo sefomula yethu: *profit/loss = income – izindleko*. Ngakho ke, noma yini oyenzayo noma ongayenzi epulazini inomthelela enzuzweni yakho. Gcina amarekhodi aqondile futhi ube umlimi owupetha. ■

# Ukunakekelwa kahle kukagandaganda kuqala ngamehlo akho

**E**NYE YEZINTO EZINENSELELO NEMISEBENZI EBIZAYO KUDAYARI YOMLIMI YILAPHO KUFANELE ABHEKANE NOKWEPHUKA NGESIKHATHI IMISHINI IFANELE UKUBA YENZE LOKHO EFANELE IKUKWENZA ENSIMINI. UKWEPHUKA OKWENZEKA UNGALINDELE KUNGAKUPHAZAMISA EKUKHIQIZENI KWAKHO NASEMALI ENGENAYO.



U-Jenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-jennymathews@grainsa.co.za

Ukunakekela okukhulu kungenziwa ezinyangeni ezingenawo umsebenzi omningi kodwa njengoba udla, ulala futhi ugeze amazinyo inakekele impilo yakho yonke, kunezinto ezithile okufanele zibe yingxenywe yokunakekelwa njalo empahleni yakho yokusebenza.

Kubalulekile ukuba ukhumbule izinto ezine ezidengwa ugandaganda ukuze usebenze:

- Udizili
- umoya;
- ukugcotshwa; na
- isistimu epholisa amanzi.

## UDIZILI

Uma uvamise ukugcwalisa amathangi akho kadizili nge-*bowser* kufanele lihlanzeke. Kodwa ke abalimi abaningi bawukha 'ngezindebe' udizili bese bagcwalise ogandaganda osebeni lwensimu lapho usebenza khona. Kubaluleke kakhulu ukwenza isiqinisekiso sokuba usebenzise iziqukathi ezihlanzekile. Uma ukungcola nenhlese kunukubeza udizili, ama-*filter* ayanukubezeka. Uma ama-*filter* engashintshwa njalo, usengozini yokulimala kwenjini. Udizili ongcolile ungaphazamisa ama-*injector* kagandaganda. Injini ngeke ikwazi ukusebenza ngokufanelekile. Kuyabiza ukuwakhandana noma ukuwashintsha ama-*injectors*. I-*injector* ifafaza udizili kumasilinda ngaphansi komfutho omkhulu. Uma ama-*injectors* edleka, ungathola udizili ongaphezulu ngokweqile noma ongaphansi.



Isithombe: U-John Mathews  
Ama-*filter* ogandaganda kudingeka ashintshwe njalo.

## UMOYA

Izihlanzi moya phecelezi *air cleaners* adinga ukuhlanzwa njalo ngomoya onomfutho omkhulu, kodwa ingahlanzwa izikhathi ezimbalwa kuphela ngaphambi kokuba ashintshwe. Lokhu kungavimbela ukuvaleka ngoba uma i-*air filter* ingcolile futhi ivimbela ukuheleza komoya oya enjinini, kuphazamisa ukuhamba kwenjini. Izintuli enjinini zidala ukudleka kwama-*bearings* namaringi okungadala ukuba ugandaganda usebenzise u-oyela oningi kakhulu.

U-John ongumlimi uthi: Bheka i-*air filter* yakho ngaphakathi, futhi ukhanyise ngelambu ngaphandle. Uma ubona ukukhanya okwanele i-*air filter* yakho ilungile. Uma ukukhanya kudimile noma kungabonakali nhlobo, yishintshe masinyane i-*filter*. Hlela ngokuhlola i-*air filter* njalo emahoreni ayisishiyagalombili; kaningi uma ngokuvamile usebenza ngaphansi kwezimo ezingcole kakhulu. Abanye abalimi babekisa ngokubhala phansi amahora asetshenzwe ngalowo oyela nama-*air filter*.

## UKUGCOBA

Uwoyela bangumthombo wokugcoba injini. Uwoyela kufanele ushintshwe ngezikhathi ezivamile – esikhathini esilinganiselwa ku-300 wamahora

okusebenza. Umshayeli kagandaganda kufanele aqeqeshelwe ukuhlola amazanga kawoyela zonke izinsuku. Amazanga aphantsi ka-oyela, mhlambe ngenxa yokuvuza kuka-oyela noma amaringi agugile asephoqa ugandaganda ukuba usebenzise u-oyela omningi, kungadala indlala ka-oyela mhlambe nenjini ime. Lokhu kungadinga ukuba ku-ovalolwe injini yonke nokungadala izindleko ezinkulu. I-*oil filter* kufanele ishintshwe kanye no-oyili wonke oshintshwayo.

## ISISTIMU EPHOLISA AMANZI

I-elementi ebalulekile kusistimu yokupholisa yirediyetha, i-*water pump*, i-*rubber hoses* ne-*fan belts* ehabisa i-*fan* epholisa injini. Noma yikuphi ukungalungile kwalokhu kuba yinkinga. Irediyetha evuzayo idala ukuvuza kwamanzi nenjini iya-ovahitha futhi mahlambe ime – nalokho futhi kungaholela ekutheni injini ime nse.

I-*water pump* inama-*bearings* okudingeka ahlolwe futhi agcotshe ugrisi. Ama-*rubber hoses* kufanele nawo ahlolwe njalo njengoba angaphela futhi avuze. Lokhu akubizi futhi kulungiseka masinyane ukugwema umonakalo omkhulu. Kubalulekile futhi ukuqinisekisa ukuthi amaklempu abophe ama-*hoses* aqinile. Ama-*fan belts* ayadonseka futhi anwebeke ngokuhamba kwesikhathi. Ukudonseka kwebhande kufanele kuhlolwe njalo ukuqinisekisa ukuthi akushibiliki nokuqinisekisa ukuthi akushibiliki i-*fan* iphenduka ngokufanelekile.

## YENZA UKUNAKEKELA KUBE INGXENYE YENTO OYENZA NJALO

Asikwazi ukushiya nesisodwa isinyathelo kwinqubo yethu yokunakekela uma ucabanga isizumbulu zemali esiyikhiphayo ukuze sithole ogandaganda nama-*impliments*. Into engcono kakhulu uma kuza ngasekunakekeleni ukulandelela njalo phecelezi *routine*.

Zinike isikhathi uzejwayeze wena nabasebenzi bakho ngokunakekela umshini ngamunye noma ama-*implement*; khomba amaphathi athwele ubunzima kakhulu afana nama-*bearing* namabhande bese uwahambisa futhi ahambe ngesisele ahamba kuso njalonnjalo. Ngokuvamile indlela engcono kakhulu mayelana nokuhlolwa komsebenzi ukuba nomkhuba owenza ngaphambi kokuqala umsebenzi phecelezi i-*'pre-work'* routine. Le ndlela yokwenza njalonnjalo ifake uyigxilise kubasebenzi bakho.

Kwenze kube umthetho ukuthi ngaphambi kokuba ugandaganda noma i-*implement* ingene ensimini:

1. Yonke into itheliwe amafutha/udizili.
2. Yonke into igcotshiwe ngogrisi.
3. Amathayi ahloliwe.
4. U-oyili uhloliwe.
5. Onke amaphathi anyakazayo ayaspiniswa kahle.

Konke kumayelana nokwenza izinto zenzeke ungasukumi ngoba sekona ke ukuze wonge isikhathi nemali isikhathi eside. ■

**A**BAKHIQIZI ABAKWAZI UKULAWULA ISIMO SEZULU, FUTHI ABANAWO UMTHELELA WOKUGUQUQUKA KWAMANANI EZIMAKTHE, NGAKHO KE UKUMAKETHA OKUSAHLAMVU KUYIFEKTHA EBALULEKE KAKHULU ENZUZWENI YEPULAZI NOKULAWULWA KOBUNGOZI.



**U-Ikageng Maluleke, uSomnotho wezoLimo, kwa-Grain SA. Thumela i-imeyili ku-ikageng@grainsa.co.za**

Isimo sezulu besisihle ezingxenyeni eziningi emhlabeni ngesizini ka-2019/2020, kwaba nomkhqizo omuhle. Ingingizimu Afrika ithole isilimo esiyinqophamlando ngonyaka odlule futhi silindele esinye isilimo esikhulu kulo nyaka. Ngenxa yalokho, ukumaketha kubalulekile kulo nyaka. Kubalulekile futhi ukuthi abakhiqizi bayaqondisa ukuthi kungani nokuthi imakethe iku-afektha kanjani ukuphatha kwabo ubungozi ngaphambi kokuba buqale.

Abakhiqizi kudingeka baqondise ukuthi amaqhinga okumaketha adinga ukuzinikela ku-ohlelweni lokumaketha olwehlukile, mayelana nesidingo sepulazi ngalinye. Impumelelo ebalulekile ukuzibandakanya ngokusebenza kuzo zonke izibonakalo zokumaketha, ukuqoqa ulwazi lokumaketha, ukuhlaziya izimo zemakethe, ukulungisa uhlelo nokuqalisa ukusebenzisa uhlelo. Kunokumaketha ngqo okwehlukene kwamashaneli akhona kubakhiqizi, okungahlukaniswa ngama-*non-futures exchange* nama-*futures exchange marketing channels*. Le athikhile izogxila kokwaphambilini bese kuthi ingxenywe yesibili izogxila kulokhu okugcinwe ngakho.

### I-NON-FUTURE EXCHANGE MARKETING

#### Imakethe edayisa ngokheshe

Lezi yizindawo lapho okusahlamvu kungamakethwa khona ngokheshe ngqo emva kokuvuna ngaphandle kwenkontileka. Abathengi bafaka phakathi omakhelwane, imishini yokugaya yendawo, *i-cooperative*, abahweba ngokusahlamvu noma ngabe ubani omunye othanda ukuthenga okusahlamvu. Lo mmbila ungathengwa noma ungaphrosesive noma usugayiyelwe umthengi, usezikhwameni noma ngobuningi. Kukhokhelwa uma kudilivwa ngqo ngempela. Intengo inqunywa ngokwezisekelo zesaplayi nedimandi esifundeni esithile futhi ingehlukana zonke izinsuku. Kubalulekile ukuba abakhiqizi babe ne-aksesi ku-kumanani entengo e-*Safex* kanye nezululeko ezivela emahhovisi engezive, abeluleki noma ezinye izinhloko zokweseka.


#### Indawo yokubeka

Indawo yokubeka iyingxenywe yeqhinga lokumaketha umkhqizo angayisebenzisa. Umkhqizo mhlawumbe engawubeka epulazini lakhe ummbila uma enazo izindawo zokubeka noma kuma-*cooperative* eseduze, kodwa kuyakhokhelwa. Ngakho ke, leli qhinga lisebenza kahle uma amanani ephansi zitoko zingagcinelwa ukudayiswa esikhathini esizayo ngesikhathi amanani entengo esephakeme. Lokhu kudinga ukuba umkhqizi azi mayelana nesilinganiso sentengo yesilimo. Izindleko zokubeka nokuthutha zaleli qhinga kufanele zibhekwe. Inzalo nayo ineqhaza elikhulu kule liqhinga; izindleko ezinkulu zokugcina okusahlamvu yizindleko zenzalo yemali etshalwe kulokhu okusahlamvu noma engatshalwa kwenye indawo noma inzalo ekhokhiwe yemali ebolekiwe yezimali zokusahlamvu okugcinwe.

#### Izinkontileka eziphambili

Ngenkathi izilimo zisakhula enhlabathini, umkhqizi engawudayisa umkhqizo wakhe ngendlela yokwenza izinkontileka eziphambili. Ukuze uthole amakhwantithi athile ommbila, abathengi benza lezi zivumelwano zibe khona ngokwezidingo. Abathengi abafana nezigayo, ama-*cooperatives*, i-*feedlot* noma abathumela kwamanye amazwe basebenzisa izivulweno zaphambili. Intengo ngokwesivumelwano sangaphambili nazo zingahlukana zonke

### 1 I-Non-futures exchange marketing channels.



Umthombo: I-Former NDA

izinsuku, kuye ngalokho okwenzeka emakethe. Umphathi wesivumelwano sangaphambili angadayisa umkhqizo wakhe ngentengo yesivumelwano esebenzayo, ngaphandle kwentengo evunguzayo emakethe ngosuku lokuvuna. Abakhiqizi kudingeka bazi nezinkontileka ezahlukene ezithile ezingaba khona ezivela kubathengi abehlukene.

Abakhiqizi kudingeka bacabange ngalokhu uma bebhekene nezivumelwano zangaphambili;

- Intengo eyisekelo njengoba kushiwo esivumelwaneni.
- Ikhwantithi nekhwalithi edingekayo yesivumelwano esithile kanye nenani yamaprimyamu nekhwalithi engcono yombila.
- Usuku nendawo okuyodiliva kuyo kanye nendlela yokukhokha.
- Umkhqizi kufanele akwazi ukuhlangabezana nemibandela futhi uma kungenjalo ngabe yiziphi izimo zokungadilivi ngokulandelana kwezinkontileka.

#### Izindleko zokumaketha ze-*non-futures exchange marketing*

Izithuthi ziba yingxenywe enkulu yabakhiqizi izindleko zokumaketha nalokho kwehlukana ngokwamabanga, uhlobo lwezithuthi nekhwantithi edilivwayo. Ngisho noma intengo ingaba yinhle, izindleko zezithuthi zingaziguqula izinto. Ukuthutha ngobuningi ngokuvamile zishibhile uma kuqhathaniswa nemithwalo emincane, ngakho ke abakhiqizi abanama-khwantithi amancane bangacabanga ngokuwuhlanganisa ndawonye umkhizo wabo nawomakhelwane ukuze bayowudiliva. Kubalulekile ukuthi abakhiqizi baziqondise izimo zezithuthi. Abanye abathengi banikeza izithuthi bese besusa izindleko kumanani entengo ekhokhelwa abakhiqizi. Intengo yombila ngokuvamile ucashunwa njenge-*ex-silo prices*, okusho ukuthi umkhqizo kudingeka kukhokhelwe *isilo* izindleko. ■

# Le PHROGRAMU YOKUTHUTHUKISA ABALIMI imayelana nabalimi nokulima

PHORGRAMU YOKUTHUTHUKISA ABALIMI BAKWA-GRAIN SA IHLOSE UKUBAMBA IQHAZA EPHUSHENI LOKUHLANGANA NENTUTHUKO EMKHAKHENI WEZOLIMO. NGALESO SIKHATHI KUFANELE SIXAZULULE UDABA LOKUVIKELEKA KOKUDLA NOKUDLA KWESIKHATHI ESIDE, UKUNGENISA IMALI KULABO ABANE-AKSESI ENHLABATHINI, UKUVIKELEKA KWAMA-NATURAL RESOURCES NOKUDALWA KWAMATHUBA OMSEBENZI. SIBUSISEKILE NGOKUSEBENZA EMKHAKHENI, ONAMANDLA OKUBAMBA IQHAZA KUZO ZONKE IZINSIKA ZOKUTHUTHUKISA IZINDAWO EZISEMAKHAYA.

Si-adopthe *i-multi-pronged approach* futhi sinamaplatifomu amaningi esiwasebenzisayo ukuze sihlangebezane nabalimi, sihlonze izidingo zabo emiphakathini eyahlukene lapho sisebenza khona siphinde sidlulisele amakhono nolwazi. Ungoti wezokuthuthukisa ezokuxhumana u-Nora Cruz Quebral uthi: 'Inhloso yokuthuthukisa ezokuxhumana ukuqhubekisela phambili intuthuko. Lokhu ngakho ke umsebenzi wokuthuthukiswa kwezokuxhumana: Ukwazisa nokukhuthaza ezweni, emkhakheni nasemazingeni ephrojekthi. Umsebenzi wokuthuthukisa ukuxhumana yinqubo yokuthuthukisa uqobo.'

Abalimi abekho ezingeni elifanayo bonke. Abanye abalimi abancane abasafisa ukukhula, abanye bafuna ukulima ukudla okwanele bondle imindeni yabo kanti abanye bafisa ukuba abalimi abangenisazi inzuzo futhi babe osomabhizinisi ngokugcwele kwi-*value chain*. Asibandlululi. Sizosiza umlimi ngo-1 ha noma ngo-100 ha. Sihlose ukuhlangana nabalimi bokusahlamvu lapho bekhona, futhi sihambe eduze kwabo silandele izinhloso zabo. Ukwenza lokhu sisingathe aqhinga amaningi ahlukene esiwagcine ebhokisini lethu lamathuluzi.

- Abalimi baseNinizimu Afrika kokunye banawo umhlaba ongowabo noma bane-aksezi yomhlaba ngokwezivumelwano ezenziwe.
- Inhloso ye-Grain SA yeProgramu yokuThuthukisa abalimi ukuhlomisa abalimi abathile ukuze bawusebenzise ngepumelelo umhlaba abane-aksezi kuwo.

Wonke umsebenzi uwenziwa kule programu uqondiswe enhlosweni ethile yokudlulisela ulwazi namakhono; futhi ngayinye iklanyelwe ukuthagetha abalimi abanengi ngokubonakalayo.



*Umlimi u-Harry Khumalo uthole umhlaba omusha futhi wacela umeluleki u-Chris de Jager ukuba amsize ekuhloleni inhlabathi aphinde enze nesinqumo sokuthi ngabe ukulungele ukutshala kule sizini (13 Novemba 2020).*



*U-Jenny Mathews, umbhali wePula Imvula. Thumela i-imeyili ku-jennymathews@grainsa.co.za*

## NGABE YINI ESEBHOKISINI LETHULUZI LEZOKUXHUMANANA?

Imisebenzi ebalulekile yentuthuko yenzeka e-:

1. **Emihlangano yama-Study group** lapho amagruphu amancane abalimi esifundeni esisodwa beba ne-aksezi yolwazi nezululeko zochwepheshe bakwa-Grain SA exhunyaniswa usihlalo wendawo.
2. **Umbukiso wamatrayeli** olungele wesifunda – uphenyo lwezeSayensi lukufakazele ukuthi abalimi bafunda kangcono ngokuzibonelo ngawabo amehlo, endaweni abayakhele – futhi baguquka ngokuthanda kwabo balime ngendlela esebenzayo.
3. **Izinsuku zabalimi phecelezi Farmers' days** ziyahlelwa zokuba abalimi beyobona amapuloti angamatrayeli baphinde bafunde kochwepheshe bakwa-Grain SA nasembonini.
4. Ukwesekwa **kwabalimi abathile** – isidingo sokusekela abalimi asebethuthuke kakhulu asebhokisini ngokungaphezulu kwama-study groups futhi sebezilimela ngokukhululeka sahlonzwa, kodwa bangahle bahlomule ekululekweni ngayedwa okunamandla konyaka.
5. **Iphaphabhuku iPula Imvula** yithuluzi elilekelela ukusabalalisa nokuthunyelwa kolwazi olufanele futhi yiwona wodwa umkhakha wokuthuthukisa abalimi oshicilela iphaphabhuku ngezilimi eziyisihlanu zaseNingizimu Afrika.
6. **Ukuqeqesha** – Izifundo zenzelwe zaqondiswa nokuthuthukisa abalimi nokusimamisa ithiyori nendlela yokuzibambela mathupha ngezandla.



*U-Werner Vos ubonisa ngokuthathwa kwamasampuli enhlabathi (13 Okthoba 2020).*

## Ithimba labahleli

**GRAIN SA: PRETORIA**  
PO Box 74087  
Lynnwood Ridge  
0040  
■ 08600 47246  
■ www.grainsa.co.za

## UMHLELI UKWABA

**Liana Stroebel**  
■ 084 264 1422 ■ Office: 012 943 8285  
■ liana@grainsa.co.za

## UMLINGANI WEZOKUSHICILELA INFOWORKS

**Johan Smit ■ Louise Kunz ■ Elizma Myburgh**  
■ Joritha Hechter  
■ 018 468 2716 ■ johan@infoworks.biz



## Uhlelo lweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

### ABAQONDISI BENTUTHUKO

**Johan Kriel**  
Free State (Ladybrand)  
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

**Jerry Mthombothi**  
Mpumalanga (Nelspruit)  
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

**Jurie Mentz**  
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8218

**Graeme Engelbrecht**  
KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

**Luke Collier**  
Eastern Cape (Kokstad)  
■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko

**Liana Stroebel**  
Western Cape (Paarl)  
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

**Du Toit van der Westhuizen**  
North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane

**Cwayita Mpotyi**  
Mthatha  
■ 078 187 2752 ■ umthata@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8277

**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI  
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**  
IsiZulu, IsiNgesi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

## Le phrogramu yokuthuthukisa...



**Umeluleki u-Chris wavakashele u-Lucky Khumalo ezobheka inqubekelaphambili yokutshalwa kukabhontshisi isoya (26 Novemba 2020).**

### I-MONTHLY FOCUS: UKUVAKASHELA AMAPULAZI

#### U-Okthoba noNovemba

Ngo-Okthoba noNovemba 2020, njengoba abalimi belungiselela isizini yasehlobo, abaphathi bethu nabeluleki **bavakashele** abalimi abangama - **46 izikhathi eziyi-154** abathola ukwalulekwa ngayedwana.

Imibiko yabeluleki ihluba udlubu ekhasini futhi iyasiqinisekisa ukuthi ukusekwa okubalulekile kunomthelela ekukhuleni nasekuthuthukeni kwabalimi.

- Umeluleki u-Chris de Jager usebenza no-Graeme Engelbrecht eDundee ehhovisi futhi kubikwe ngabo emva kokuvakashela **umlimi u-KB Mazibuko**: 'Ngidilive amakhemikhali okufafaza i-*burndown*.' Umhlaba umanzi nokhula lukhula ngamandla kanye nezimo zinhle zokuba kufafazwe.'
- Emva kokuvakashela **umlimi u-SE Mthethwa**, uthi: uSabatha wenza kahle kakhu-lu ngezilimo ezitshaliwe. Sibe nengxoxo mayelana nokuthi yimaphi amanye ama-*herbicides* angawangeza kuma-*burndown* njengoba kubukeka sengathi kunokhula endaweni edlondlobalisa ukuba nenkani kwi-*Roundup*.'
- U-Chris de Jager uvakashela omunye **umlimi u-RT Masondo**. 'Umlimi u-Reginald wayematasatasa etshala ngesikhathi ngifika epulazini. Wayenenkinga nomugqa owodwa we-*planter* eyayisebenzisa imbewu eningi kunalena eminye imigqa. Emava kokuhlukanisa le-unithi futhi ngayibheka ngabona ukuthi i-*seed scrapers* yayijemile futhi emva kokuwakhulula, i-*planter* yabe isitshala ngendlela efanele. I-*burndown* yabe isitshaliwe futhi ngesikhathi kufika umanyolo umlimi angaqhubeka nokutshala.'
- Umeluleki u-Martin Botha usebenza nomphathi u-Jurie Mentz osehovisi e-Louwsburg. Emva kokuvakashela **umlimi u-AM Gondo** wabika ukuthi: 'Ngahlola indlu okugcinwa kuyo amakhemikhali. Sabhunga ngokufafazwa kukabhontshisi isoya futhi sakhalibhretshela i- *Omnia's foliar feeding programme* ihlektha ngalinye sabe sesithatha isinqumo ngokuthi kufanele sethele kangakanani ethangini lokufafaza. Ngaleso sikhathi savakashele amasimu kabhontshisi isoya. Ngeviki elizayo, ubhontshisi isoya uzoba mkhulu ngokwanele ngakho ke singafafaza ukhula ulumaphakathi nge-*Roundup*.'
- U-Martin Botha naye uvakashele **umlimi u-MB Skosana**. 'Sihlangane e-workshop sabe sesihlola amasimu. Sixoxe ngekhalibhreshini yezifafazi saphinde sabheka isethi entsha yezifafazi. Sabheka ukuthi iphethini yesifutho ilungele okhuleni olumanzi bese senza isinqumo ngobungako be-*glyphosate* okufanele ifafazwe ukuze ibulale ukhula oluthile futhi saxoxisana nangezindleko zehlektha ngalinye nesifutho i-*glyphosate spray*.'

I-Grain SA iPhrogramu yokuThuthukisa abalimi ilwela ukuqinisekisa ukuthi akekho umlimi wokusanhlavu ozoshiywa emuva! ■